

Utshwala obungatheliswa buka-R15m bubuyiselwe emakethe

Tshwane, 7 Mandulo 2021 – UPhiko lweziMali eziNgenayo eNingizimu Afrika (SARS) noMnyango wamaPhoyisa (SAPS), besekwa imboni yotshwala, bathole indawo egcina impahla eseMpumalanga lapho okusetshenziswa kabusha utshwala obungatheliswa benani lika-R15-million bubuyele emakethe.

Kutholakale kwashaqwa amakesi angaphezu kwayizi-12 700 endaweni yesigameko emva kophenyo oluthathe unyaka wonke.

Izisebenzi zakwaSARS kanye nezeSAPS ziphinde zathola imishini esetshenziselwa ukushintsha imikhiqizo engungqo. Amabhodlela namabhokisi athuthwa ngakho anamalebuli akhomba ukuthi umkhiqizo awutheliswa ngakho-ke uya kumakethe yamazwe angaphandle.

Kodwa-ke, labo abashushumbisa le mikhiqizo bawasusile lawa malebuli emabhodleleni bafaka okunye endaweni yawo, kweminye bebesusa izivalo bese besusa amakhodi enqwaba leyo.

UKhomishana wakwaSARS u-Edward Kieswetter uthe abashushumbisi botshwala obungemthetho balimaza imboni yakuleli ngesikhathi lapho imigomo yokhuvethe i-Covid kusobala ukuthi iyayilimaza nayo imboni le.

“Izenzo zobugebengu ezinje angeke zibekezelelwe kodwa kuzobhekwana nazo ngqo, kanti bonke labo ababandakanyekayo kuloluhlelo xhumano lokushushumbisa bazobhekana nengalo yomthetho. USARS unomyalelo wokulwa nohwebo olungemthetho kanti izenzo ezifana nalezi zenza kungabi nabulungiswa ekuncintisaneni embonini yakuleli.

“Sizinikele ekwenzeni kube nzima futhi kumbe eqolo kubakhokhintela noma kubahwebi abangathobeli imithetho yentela noma yomnyango wokuthelisa yezwe. Ngakho-ke, ngifisa ukubonga abaphenyi ngokuzimisela nokuphikelela kwabo kulolu daba.”

Ngolwazi olwengeziwe, xhumana ne- SarsMedia@sars.gov.za